ILANGA
Thursday, 29 October 2009, p. 5

Kucijwa abafundi be-*accounting*

ISOUTH African Institute of Chartered Accountants ibambisene ne-University of KwaZulu-Natal, isungule izinhlelo zokulekelela abafundi bebanga leshumi abafunda i-*accounting*, bezikole ezingaphansi ko-Mlazi nePinetown eThekwini njengoba sekuqalwe ukuhlolwa.

Lesi sifundo sizobhalwa mhla zili-11 enyangeni ezayo.

Le *workshop* eyizinsuku ezimbili, iqale izolo ngoLwesithathu esikhungweni senyuvesi eWestville kuze kube yinamhlanje ngoLwesine kanti iqala ligamenxe ihora lesi-8 ekuseni. **WILLEM PHUNGULA**